



SASTRI COLLEGE

ISIKHUNGO SEZILIMI - ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA

UKUHLOLWA KOKUPHELA KONYAKA – 2018

IBANGA LESISHIYAGALOMBILI - (GRADE 8)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

UMHLELI: N.Z. ZONDI

ISIKHATHI: IHORA ELI-1

UMCUBUNGULI: N. E. BHENGU

AMAMAKI: 40

IMIYALELO KUBAFUNDI

1. Leli phepha linamakhasi ayi-6
2. Lehlukane iziqephu ezi-3
  - \* Isiqephu A: Isivivinyo sokuqondisisa (20)
  - \* Isiqephu B: Ukufingqa (5)
  - \* Isiqephu C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (15)
3. Fundisisa yonke imiyalelo ngaphambi kokuthi uphendule imibuzo.
4. Phendula YONKE imibuzo.
5. SHIYA umugqa emva kombuzo ngamunye.
6. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhaliwe emibuzweni.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
9. Imiklomelo isiyonke ingama-40

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

Fundisisa le ndatshana bese uphendula imibuzo ezolandela:

Phansi Ngokushiswa Kwesikhumba

BONISWA MOHALE

Kukhuzwa umkhuba oyingozi wabesifazane wokuzishisa isikhumba ngokhilimu namakhemikhali okukhanyisa isikhumba. Lo mkhuba obuwande kosaziwayo bodwa kuthiwa usungenele nakwabesifazane abajwayelekile abangeneme ngebala labo elimnyama.

Ukuxazulula le nkinga ungoti wezokuzicwala **uNkk**. Futhi Mkhize unomkhankaso obizwa ngokuthi Ngimnyama Ngimuhle Anti Bleaching Campaign, ozoqala **ngoNovemba** eBotanic Gardens eThekwini. UNkk. Mkhize onesikole sokuzicwala, Ubuhle Beauty Academy, uthi abesifazane kabanelisekile ngebala labo elimnyama, bafuna ukuba mhlophe **njengabelungu**.

Abantu besifazane abaningi batholakala sebenenkinga yesikhumba ngenxa yokuthi basebenzisa okhilimu bokukhanyisa isikhumba abatholakala ngisho emgwaqeni. Okhilimu nemijovo yokukhanyisa isikhumba banekhemikhali eyingozi i-quinine, uhulumeni athola ukuthi ayikulungele ukusetshenziswa ngabantu, wase eyikhipha yonke imikhiqizo enayo. Ngebhadi le mikhiqizo ibuyile futhi nabantu bayayithenga.

Uma abantu besebenzisa okhilimu bokukhanyisa isikhumba baba nenkinga uma sekumele babayeke, basala benamashubaba, abanye bayavuvukala uma beke bashiswa yilanga. Abanye bagcina sebenesikhumba esibonakala imithambo eluhlaza engaphansi ngoba sekuvela isikhumba esingaphansi okungamele sivele.

Uma sekwenzeka lokho umuntu usheshe alizwele ilanga, abe nezinduna uma isikhumba singcoliswa okuthile. Okusabisa kakhulu ukuthi ukusebenzisa le mikhiqizo ekhanyisa isikhumba kwenza umuntu abe namathuba amaningi okuba nomdlavuza (ikhensa) yesikhumba.

UMasipala weTheku uxhase lo mkhankaso ngendawo yokwenza umcimbi okungenwa kuwo **mahhala**. Inhliso ukwexwayisa abantu besifazane nabesilisa ngobungozi bokukhanyisa isikhumba. Nakuba lo mkhuba wandu kakhulu kwabesifazane, bakhona nabesilisa abawukhonzile lo mkhuba.

Asibambe iqhaza sonke, sisho ngazwi linye sithi; Phansi ngokushiswa kwesikhumba!

**Pheqa ikhasi**

**Imibuzo**

- 1.1.1 Ubani umbhali walesi siqephu? (1)
- 1.1.2 Yisiphi isizathu esenza abantu bafune ukushintsha ibala lesikhumba sabo? (2)
- 1.1.3 Nikeza igama lomkhankaso oqalwe ngenhloso yokuxazulula inkinga yokukhanyiswa kwesikhumba. (1)
- 1.1.4 Ubani oqale lo mkhankaso owubhale ngenhla? (1)
- 1.1.5 Bhala lesi sifinyezi ngokugcwele: **Nkk.** (1)
- 1.1.6 Shono ukuthi lo musho olandelayo uqukethe sifengqo sini:  
Bafuna ukuba mhlophe njengabelungu. (1)
- 1.1.7 Nikeza izinkinga zibe mbili ezidalwa ukusetshenziswa kwezinto ezikhanyisa isikhumba. (2)
- 1.1.8 Kuyingozi ngani ukuthenga imikhiqizo edayisa emgwaqeni? (2)
- 1.1.9 Shono ukuthi lqiniso noma Amanga.  
Abantu besifazane kuphela abashintsha ibala lesikhumba sabo. Sekela impendulo yakho ngokucaphuna esiqeshini. (2)
- 1.1.10 Ungameluleka uthini umuntu osebenzisa okhilimu noma imijovo ekhanyisa isikhumba? (2)

[15]

**1.2 Bukisisa isikhangiso esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:**

**Pheqa ikhasi**

**ZIZWE UNGUMQEMANE.  
ZIZWE UPHILILE!**

**Kungabe uguliswa yilokhu:**

- Yizinhlungu neminjuni
- Ukukhathala
- Ukungakuthandi ukudla
- Uhlale ukhwehlele

Ngakho-ke udinga iModul8 enamandla nekhuthaza amasosha omzimba wakho. Yakhiwe ngamakhambi anamandla asiza umzimba wakho uzelaphe ngokushesha. Ukuba nempilo engcono sekusezandleni zakho ngeModul8.



**NATEL HEALTHCARE (PTY) Ltd** [www.modul8sa.co.za](http://www.modul8sa.co.za)  
**0861 22 66 82**

**ITHOLAKALA EMAKHENSISI  
NAKUMA-HEALTH STORES  
EZWEWU LONKE**

**MODUL8. SINAWE IMPILO  
YAKHO YONKE.**

- 1.2.1 Bhala igama lomkhiqizo okhangiswayo. (1)
- 1.2.2 Nikeza izinkinga ezimbili osiza kuzo lo mkhiqizo okhangiswayo. (2)
- 1.2.3 Iyiphi inombolo ongayishayela uma ufuna ulwazi ngalo mkhiqizo? (1)
- 1.2.4 Utholakala kuphi lo mkhiqizo? Shono indawo eyodwa. (1)
- [5]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: [30]**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**

**UMBUZO 2**

**Funda isiqeshana ngezansi bese usifingqa ngamagama asukela kwayi-10 kuya kwangama-20.**

Ukubekwezela kuzala impumelelo. Lokhu yinto okufanele wonke umuntu ophilayo abe nayo, kungakhathaleki ukuthi mdala noma mncane kangakanani. UThandanani Sithole, umfana waseMlazi wayefunda esikoleni iMenzi High School. Wayengaphiwe emsebenzini wesikole kangangokuba alikho ibanga ayengaliphindi. Abanye abafundi base bembiza ngenduna yabafundi ngenxa yokuthi wayesekhulile ngokweminyaka. Esefunda ibanga leshuminambili, wasebenza ngokuzikhandla okukhulu. Kwamangala bonke abantu ngisho nothisha imbala ngenkathi sekuphuma imiphumela kaMatikuletsheni. Kwatholakala ukuthi uThandanani uphumelele kahle wedlula abafundi ababaziwa ngokuthi bahlakaniphile.

[5]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: [5]**

ISIQEPHU C: IZIMISO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

**UMBUZO 3**

3.1 Funda isiqeshana esingezansi bese usho ukuthi amagama abhalwe ngokugqamile azingcezu zini zenkulumo:

Kuzobe kukhona **ongoti** besikhumba abazokhuluma namadoda nabesifazane ngoba yize kudume ukuthi ngabesifazane **abathanda** ukukhanyisa ibala **kodwa** akhona namadoda awukhonzile lo mkhuba.

(3)

3.2 Bhala ubunye bala magama alandelayo:

3.2.1 Izifundiswa

(1)

3.2.2 Imithambo

(1)

3.3 Bhala lo musho olandelayo ube senkathini yamanje eqhubekayo:

Abafundi babhala umsebenzi wabo.

(1)

3.4 Shono ukuthi la mabizo alandelayo aluhlobo luni:

3.4.1 Umfundi

(1)

3.4.2 Amakhemikhali

(1)

3.5 Faka isivumelwano esifanele ukuze lo musho uzwakale kahle:

Abantu besifazane \_\_\_\_\_sebenzisa imithi enamakhemikhali.

(1)

[9]

**UMBUZO 4**

4.1 Nikeza amagama aphikisana nalawa alandelayo:

4.1.1 Inono

(1)

4.1.2 Inyanga

(1)

4.2 Sebenzisa igama "inyanga" liveze imiqondo emibili engafani emishweni

ozakhele yona ukhombise ukuthi uyayiqonda incazelo yalo.

(4)

[6]

**AMAMAKI ESEWONKE:[40]**

**AMAMAKI ESISIQEPHU C: [15]**